(CIB pdf formfields Demoversion)

ithestamente elidala lisalifundelwani?

Baningi namuhla abangazazi ezixoxwa ethestamenteni elidala. Kukhona nabazigwemayo, bethi azijabulisi, zigcwele uthuthuva nolaka, zifakana uvalo nenzondo. Bayazibuza ukuthi zisafundelwani nje nempela.

Liqukethe izincwadi ezinolwazi nomlando nobuhle: inhlakanipho yasemandulo nasekudabukeni komhlaba, ubugqili nokugqabuko kwezibopho zengcindezelo, izigigaba ezibalisa ngothando olungenamkhawulo, intshisekelo kaJobe ebunzimeni nasezinhluphekweni, izinxushunxushu nobuqili kubantu bezalana kanye nezinkondlo nemikhuleko ekhombisa ikhono neciko elibabazekayo.

Sihlangabezana nabantu abazifanela nathi nje – ngobuqotho nangobuthaka babo, ebuhleni nasebunzimeni, emathembeni nasekudunyazweni kwabo, ngokukholwa nangokuxwaya nokusola kwabo. Sifunda ukuthi uSmakade akanabo abanye – usebenza ngabantu abazifanela nathi nje ukufeza izimanga zothando isintu esingephile ngaphandle kwazo.

Esinye isizathu esibalulekile ikakhulukazi kuthina maKhristu yikuthi kule ngxenye yebhaybheli esiyibiza ngokuthi yithestamente elidala – incwadi engcwele yamaJuda – sihlangabezana nokhokho bethu enkolweni; izimpande zokholo lobuKhristu sizithola lapha:

° UJesu wayeyiJuda. Ukhulé efunda zona lezi zincwadi, kuyilona bhaybheli lakhe; wakhula nazo ezifundisisa, ezichaza, eshumayela ngazo (Lk 4,16-19).

° Ababhali bezincwadi zethestamente elisha – ikakhulukazi abavangeli oMathewu no Luka – bakhula behamba ezinyathelweni zikaJesu, nabo bephila nalezi zincwadi. Empilweni nasekusebenzeni kukaJesu babebona ukuqhutshwa komlando wokholo lwesizwe sakwaIzrayeli. Eziningi izincwadi ethestamenteni elisha ungeke uziqondisise uma ungenalo ulwazi ngesimo emsukeni wazo ethestamenteni elidala (Izenzo 8,26-40; Izaya 52,13 – 53,12).

° Nokuningi okuphathelene nesimilo nobuqotho nokwazisana esesakwazi ngokuthi kuyindlela nenqubo yempilo “yobuKhristu” – ukuba neso kwabampofu nabangenabani, ukungaphindiseli okubi ngokubi, ... - ngokunye kwezihloko okuxoxwa kuphindelelwa ngazo ethestamenteni elidala (Izaga 25, 21-22; 2 Amakhosi 6,22; Eksodusi 22, 20-26; 23;6).

Kwaba yisinqumo esihle impela kwakhona ekuqaleni ukuthi ibhaybheli lithathe zonke lezi zincwadi zibe yingxenye yalo.

Dr. Ben Khumalo-Seegelken
Convenor: „biblia zuluensis“
KwaMachanca
Alte Ziegelei 4
D-26197 HUNTLOSEN
eJalimane/Deutschland

Tel/Fax 00 94 – 44 87 – 75 02 85
khumalo-seegelken@t-online.de

ngoJanwari 1996